



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2015

MEMORANDUM

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ama-7.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

- 1.1 1.1.1 Amahlaya achukuluza imizwa ngendlela ethize/amahlaya akhalisa abantu ngenxa yokubakitaza/omunye umuntu uze akushaye enganakile ngoba usuke esephelile insini.√ (1)
- 1.1.2 Kumele usomahlaya aqonde izinto eziphathelele nempilo√kanye nezimzungezile.√ (2)
- 1.1.3 Bayakwazi ukwenza amahlaya ngabo noma ngosopolitiki√futhi banobuchule bokuqamba amahlaya ngezinto eziphawulwa noma ezenziwa umuntu enganakile.√√ (2)
- 1.1.4 Esigabeni sesine umbhali uyachaza ukuthi ukhleka komuntu kwenza kudede usizi empilweni yakhe.√ Kanti nasesigabeni sokugcina umbhali uyagcizela ukuthi amahlaya abuyisa umfutho nethemba kwabagulayo nabadangele.√ Enze izaguga zilangazelele ukuphila isikhathi eside.√ (3)
- 1.1.5 D/Umuntu ohleka nokungahlekisi.√ (1)
- 1.1.6 Umbhali uhlose ukwexwayisa/ukweluleka osomahlaya/abantu ukuthi bangasheshi bathi into abazoyixoxa iyihlaya bengakabi naso isiqiniseko sokuthi izethameli izozihlekisa yini leyo nto noma angeke izihlekise.√√ (2)
- 1.1.7 Kungaba nomphumela ongemuhle ngoba lowo somahlaya angazithola eseshaywa noma aphoqwe ukuba axolise kulabo bantu okuhlekiswe ngenkolelo yabo/kungaxabana izethameli zodwa kugcine sekubizwe amaphoyisa.√√√ (Nezinye izimpendulo ezisekele kahle) (3)
- 1.1.8 Abantu sebayakwazi ukuqeda isizungu ngendlela ehlukele kunakuqala, ngokulalela amahlaya.√ Sebemenywa nakwamanye amazwe/nasemicimbini eyahlukahlukene ukuyokwethula amahlaya abo.√ (2)
- 1.1.9 Ukuba usomahlaya kungaba yisiphiwo kuphinde kube yikhono kwabanye ngoba bakhona osomahlaya abanesiphiwo kodwa abangenalo ikhono lokwethula amahlaya.√√ (2)
- 1.1.10 Umbono ngoba emsakazweni amahlaya awahlukaniswa ngokweminyaka kukumabonakude kuphela lapho amahlaya ehlukele ngokweminyaka.√√ (2)

- 1.2 1.2.1 Usomahlaya osesithombeni sesi-2 ngoba unezithameli eziningi ezikhombisa ukuwathakasela amahlaya akhe. √√ (2)
- 1.2.2 Izethameli ezitholakala esithombeni soku-1 ziveza imizwa engafani ngoba ezinye ziyahleka. Kanti ezinye azihleki zikhombisa ukungawathakaseli amahlaya abo. √√ (2)
- 1.2.3 Embhalweni A kuyavela ukuthi akuwona wonke amahlaya ahlekisa bonke abantu. Kukhona ihlaya elingahlekisa omunye umuntu kodwa libe lingeke lamhlelekisa omunye kanti √√ isithombe sokuqala embhalweni B, siyahambisana nokushiwo umbhali ngoba sibona usomahlaya ezama ukuhlelekisa kodwa iningi lezethameli alihleki kuhleka abambalwa kuphela. Kungenzeka ukuthi nabo bahleka ngoba besaba ukuthi engaphoxeki noma lokhu okubahlekisayo bona akubahlekisi abanye. √√ (4)
- 1.2.4 Ukugoba kukasomahlaya kungenziwa ukuthi wenza amahlaya ebhekise kulaba bantu abahlezi etafuleni abuka kulona/Lo somahlaya ungumuntu othanda ukusondelana nezethameli zakhe uma enza amahlaya ukuze kube nokuxhumana/bamuzwe kahle ukuthi uthini. √√ (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	Ziqhelelanise nokuhlala nezixuku ezingenayo inqubekela phambili.	1	Ungazibandakanyi nabantu abanezimpilo ezingenanhloso yokuphumelela.
2	Zazi ukuthi ufunani bese ugxila kulokho okufunayo.	2	Kwazi okudingayo empilweni bese unamathela kukona.
3	Zimatanise nabantu asebephumelele ucele usizo futhi uncele nolwazi kubona.	3	Yiba nobuhlobo nabantu asebezuze lukhulu empilweni ukuze bakucobebele ngolwazi.
4	Sebenzisa lonke ithuba olitholayo noma ngabe lincane kangakanani ungabi ubheka ukuphiwa.	4	Sebenzisa umzuzu nomzuzu owutholayo empilweni ngendlela efanele ungalindeli ukufunzwa.
5	Cwalinga ngezinhlelo ezihlinzekwa uhulumeni kubantu abangasebenzi.	5	Thola ulwazi ngoxhaso lukahulumeni lokuveza amathuba okuzithuthukisa.
6	Gwema ukungazethembi nokuzibukela phansi.	6	Xwaya ukuzenyeza futhi ukholelwe ekutheni ungakwazi ukwenza izinto zenzeke.
7	Zimisele futhi uzikhandle kokwenzayo ukuze uzophumelele.	7	Sebenza kanzima nangokuzimisela ukuze uzothuthuka empilweni.

NOMA**Ukufingqa ngesigaba.**

Ungazibandakanyi nabantu abanezimpilo ezingenanhloso nabangakhombisi ukuba namaphupho ngezimpilo zabo. Kumele ukwazi okudingayo empilweni bese unamathela ekwenzeni kona. Ukuba nobuhlobo nabantu asebezuze lukhulu empilweni kungakusiza kakhulu ukuze bakucobebele ngolwazi futhi bakuhlebele ngemfihlo yempumelelo yabo. Nawe lokho kungakwenza ucathule ugcine usufinyelele ezingeni esebekulo. Sebenzisa umzuzu nomzuzu owutholayo empilweni ngendlela efanele ungalindeli ukufunzwa. Thola ulwazi ngoxhaso lukahulumeni lokuveza amathuba okuzithuthukisa ukuze ulusebenzise. Xwaya ukuzenyeza futhi ukholelwe ekutheni ungakwazi ukwenza izinto zenzeke. Sebenza kanzima nangokuzimisela ukuze uzothuthuka empilweni.[Inani lamagama=[74]

Indlela yokumaka ukufingqa

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
 - amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7(imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
 - amamaki ama-3 awolimi.
 - amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
 - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
 - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
 - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma bahlolwayo besebenzise amagama abo KANYE namagama acashuniwe esiqeshini:**
 - 1–3 amaphuzu acashuniwe **KANYE** namaphuzu ama-3-4 esebenzisa amagama akhe: nikeza amamaki ama-3 olimini.
 - 4–5 amaphuzu acashuniwe **KANYE** namaphuzu ama-2 esebenzisa amagama akhe: nikeza amamaki ama-2 olimini.
 - 6 amaphuzu acashuniwe **KANYE** nephuzu eli-1 esebenzisa amagama akhe: nikeza imaki eli-1 olimini. olimini.
 - 7 amaphuzu acashuniwe: nikeza imaki eliyi-0 olimini.

QAPHELA:

- **Isakhiwo:**
Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele sihlolwe.
- **Ukubalwa kwamagama:**
 - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
 - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo ege ngawo.

Amakhodi okumaka ukufingqu**Ohumushile kuphela**

H-1/2/3	H-4/5	H-6/7
C-0	C-0	C-0
L-1	L-2	L-3
= 2/3/4	= 6/7	= 9/10

Okucashuniwe

H-0	H-0	H-0	H-0	H-0	H-0	H-0
C-1	C-2	C-3	C-4	C-5	C-6	C-7
L-0	L-0	L-0	L-0	L-0	L-0	L-0
=1	=2	=3	=4	=5	=6	=7

Okuxibile

H-4	H-2	H-1	H-0
C-3	C-5	C-6	C-7
L-3	L-2	L-1	L-0
=10	= 9	= 8	= 7

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**1. ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:**

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha Ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
 - Uma izimpendulo zingumusho ophelele: abafundi mabaphucwe Amamaki uma iphutha liphathelenenokusetshenziswe kolimi.
 - Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufamnale lokubhala/lokuloba.
2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.
3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: Uthoko noma A (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 3

- 3.1 Yingoba lenzela ukuheha abafundi.√ (1)
- 3.2 Kumnxenxa ngokuthi uthatha le mibuzo ayibhekise kuyena√ okungenza ukuthi azibone ukuthi kukhona amakhono nolwazi angenalo angaluthola uma ebhalisa kulesi sikhungo.√√ (3)
- 3.3 Umkhangisi wenzela ukuthi uxhumane nalesi sikhungo ukuze uzitholele wena imininingwane/Umkhangisi ubalekela ukuthi imali ayikhokhisayo ingasheshi ivele ukuze ingaqhathaniswa neyezinye izikhungo.√√ (2)
- 3.4 Akukho nhlawulo uma uphuzile ukukhokha.√√ (2)
- 3.5 Thola lowo msebenzi owufunayo. Lolu limi luyakhohlisa√ ngoba ukufunda kwakho kulesi sikhungo akukuniki isiqiniseko sokuthi uzowuthola umsebenzi mawusuqede ukufunda.√ (2)
- [10]**

UMBUZO 4

- 4.1
- Yingoba umfana wakhe omncane uhambe nesibhamu sakhe waya naso esikoleni.√
 - Yingoba umfana wakhe uthi usisebenzisile lesi sibhamu ukuxazulula izinkinga zakhe.√
- (2)
- 4.2 Le nkulumo yomfana ikhombisa ukuthi into ayenzile uyithatha kalula futhi isenzo sakhe sokuphatha isibhamu akaboni ukuthi singagcina simfake ejele/enkingeni/kufe umuntu.√√ (2)
- 4.3 Umfana uyishiye ilenga inkulumo/ingaphelele okwenza ofundayo aqagele/azicabangele ebhekise emazwini omfana/Wethuka ubaba wakhe umfana engakamchazeli.√√ (2)

- 4.4 Umdwebi wale khathuni uxwayisa abazali ukuthi mabaqikelele izinto eziyingozi bazibeke ezindaweni lapho abantwana bengeke bafinyelele kuzona kalula.√√ (2)
- 4.5 Asamukelekile ngoba ngeke uxazulule inkinga ngenye futhi inkinga mhlawumbe engaphezulu kwale obubhekene nayo.(Nezinye izimpendulo ezinembayo)√√ (2) [10]

UMBUZO 5

- 5.1 -bonga > bongisa.√
Omakhelwane bafikile bezosibongisa ukuphumelela kwendodana yethu.√
(imisho iyokwehluka) (2)
- 5.2 Lenze umsebenzi wokukhanyisa (okusetshenzisiwe).√ (1)
- 5.3 Abesifazane baleso sizwe abalethi utshwala bomkhosi.√ (1)
- 5.4 Amabutho azosina adedelane kanti namatshitshi nawo ayasina ngalolu suku.√√ (2)
- 5.5 Uma sekuqediwe inyosi/ingede√ noma undunankulu wesizwe uyomemezela athi okaNdaba useludlile uselwa izwe selingeshwama! (1)
- 5.6 A/Ekuseni kakhulu.√ (1)
- 5.7 Undunankulu wesizwe uyomemezela athi, √ 'OkaNdaba useludlile uselwa izwe selingeshwama!'√ (2) [10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70